# Iyavuthwa eyokuyisa i-Africa's Travel Indaba ezindaweni zaboHlanga

Umasipala weTheku uthi usukulungele ukusingatha izinkulungwane zezicukuthwane njengoba kuzoba nombukiso we-Africa's Travel Indaba ozoba kulelidolobha. Lomcimbi uzoqala ngomhlaka 11 kuze kube umhlaka 14 kuyona lenyanga, lapha eNkosi Albert Luthuli International Convention Centre.

UMengameli wezwe uMnu Cyril Rmaphosa ngokubambisana noNgqongqoshe woMnyango wezokuVakasha uPatricia de Lille, uNgqongqoshe woMnyango wokuThuthukiswa koMnotho lapha KwaZulu-Natal uMfundisi Musa Zondi, kianye neMeya yeTheku uCllr Cyril Xaba bavule lomcimbi ngokusemthethweni we-Africa's Travel Indaba khonalapha eThekwini ngoLwesibili, zi-12 kuNhlaba, 2026.

I-Africa's Travel Indaba yalonyaka izobe ingaphansi kwesiqubulo esithi 'i-Afrika engenamkhawulo, ukukhulisa umnotho nezokuvakasha e-Afrika'.

UCllr uXaba ngesikhathi ekhuluma nabezindaba, uveze ukuthi kulonyaka abantu bazobhema bakholwe, njengoba benza konke okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi unyaka nonyaka bahlale benza okuhlukile.



UNgqongqoshe woMnyango wezokuVakasha uPatricia de Lille, uNgqongqoshe woMnyango wokuThuthukiswa koMnotho lapha KwaZulu-Natal uMfundisi Musa Zondi, iMeya yeTheku uCllr Cyril Xaba kanye nezinye izikhulu zomkhandlu. *Isithombe: Ntokozo Cele*

"Ababukisi abalinganiselwa enkulungwaneni namakhulu amahlanu sizobahlanganisa nabathengi abaphuma emhlabeni wonkana. Kanti abanye sizobe sibona imikhiqizo yabo okokuqala," kuchaza uMeya uXaba.

Uqhube wathi, noNgqongqoshe ude Lille uhlongoza ukuthatha lombukiso awuse ezindaweni zaboHlanga.

"Uthi uNgqongqoshe wezokuVakasha, ufuna sithuthukise indlela esenza ngayo i-Africa's Travel Indaba. Uthi ngokuzayo kuzomele lomcimbi siwubambele ezindaweni ezingamalokishi ahlala abantu abansundu. Uthi okungenani singaba nomcimbi omkhulu lapha edolobheni, kuthi enye ingxenye yomcimbi iye emalokishini," kuqhuba uXaba.

# Iyishumi nesithupha imindeni ehlomule ngezindlu eThornwood

**UHLONYE** uphaphe legwalagwala umasipala weTheku emveni kokuhlinzeka umphakakathi walapha eThornwood eward 14 ngezindlu eziyisibonelelo sikaHulumeni. Yize umphakathi ungatholanga wonke, njengoba iyishumi nesithupha imindeni ehlomule kuloluhlelo lweTheku lokuhlinzeka ngezindlu. Kanti lezizindlu zidluliselwe kubanikazi bazo ngoLwesithathu esiphuma kulo.

Namanje abawuvali imlomo abantu baseThornword eward 14 ngokwethembeka kukasipala weTheku ogcine esifezile isithembiso sakhe sokuhlinzeka leyomindeni ayithembisa ukuvuselela imizi yawo.

Kanti uCllr Themba Mvubu ubekhona kulomcimbi. UMvubu ubengahambi yedwa, kepha ubehamba nosihlalo wekomidi lokuHlaliswa kwabantu kulo iTheku, onjiniyela, uCllr Sifiso Mkhize kanye nokhansela wakhona eward 14 uCllr Mthokozisi Gasa.

Lichaza iTheku ngalomklamo, lithe lolu bekuwuhlelo lukamasipala lokwakha kabusha kanye nokuthuthukisa izindlu ezakhiwa ngaphambi kuka-1994, lapha ezindaweni ezingamadolobha. Yize usukhona umphakathi osuhlomulile, kepha umasipala uthi kumele ibe ngamakhulu ayisikhombisa imindeni ehlumulayo kuloluhlelo lokulungiswa kwezindu lapha eThornwood khona eward 14.

UCllr uMvubu, uthe loluhlelo lugxile ekulungiseni izakhiwo ezingaphephile kanye nokuzithuthukisa ukuze zihlangabezane nezinga lezakhiwo zamanje.

"Sikhuthazwa yintuthuko eqhubekayo eward 14. Njengoba sezikhona izindlu eseziqediwe, futhi asipholisi maseko, leyondlu siyidlulisela ngokukhulu ukushesha kumnikazi. Asikwazi ukubambezela intuthuko ebhekiswe kubantu, vele abantu sebelinde isikhathi eside ngokwanele ukuba bangaphinde balinde futhi ngisho izindlu zabo sezikulungele ukuthi bangahlala kuzo," kuchaza uCllr uMvubu.

Iningi elemukele lezizindlu belihlala ezindlini esingaphaphile phambilini. Futhi eminye imindeni enamalungu angafika kusishiyagalolunye ibihlanganyela igumbi elilodwa.

U-Andile Ngcobo oneminyaka enga-32, nohlomulile kuloluhlelo, uthe ukudluliselwa kwalezizindlu kubo kuzoyishintsha kakhulu impilo yabo.

"Angikwazi ukuchaza ngokugcwele ukuthi lolusuku lusho lukhulu kangakanani kithi. Sesilulinde iminyaka eminingi lelithuba elifika namuhla kithi. Ukuhlala egumbini elilodwa nezingane eziyisishiyagalolunye yinto enzima kakhulu leyo. Okumqoka ukuthi asikaze sililahle ithemba, yize isimo besinzima kangakanani. Siyabonga kakhulu kumasipala weTheku ngokugcina isethembiso sakhe," kubonga uNgcobo.

## Kukhulekelwe ukuthula endaweni yaseShongweni

**IBEYIMPUMELELO** inkozo ebihlelwe yinhlangano yabeFundisi kanjalo nomphakathi. Lenkonzo ibilapha edanyini eShongweni, ngoLwesithathu esiphuma kulo.

Abawuvali umlomo abehleli benkonzo ebingosuku eseligagulwe ngenhla. USolwazi BN Buthelezi kanjalo nosihlalo walenhlangano yabeFundisi uMfundisi Paulos Ntaka badlulise ukubonga emphakathini owenze lenkozo yaba yimpumelelo. Baphinde babonge kakhulu nakuMnu Z.A Mkhize owusihlalo weSANTACO lapha eDurban West Region.

Kanti uMkhize akagcini nje ngokuba umholi wenhlangano yemboni yamatekisi, kepha uphinde abe yilunga lomphakathi waseShongweni. Bathi abahleli balomkhuleko, inkulu indima eklanywe uMkhize ngoxhaso alubhekise kulenhlangano ukwenza isiqiniseko sokuthi lomkhuleko obaluleke kangaka uba yimpumelelo.

Ngokusho kwabahleli balenkonzo, bathi lenkonzo bebehlose ngayo ukuyocela uMdali wezulu nomhlaba ukuba ehlise ufefe lwakhe iphezu izinkingha ezibhekene nomphakathi walapha eShongweni. Lenhlangano iphinde yabonga Induna yeNkosi ngokuba yingxenye yalenkonzo.

USolwazi uButhelezi uthembisile ukuthi kuzoba nomunye umkhuleko abazowumemezela maduze nje. Ngalemikhuleko bahlose ukubhonga emswaneni ngokuhlanganyela namalungu omphakathi. "Inhloso yethu ngalomkhuleko, sithandazela ukuthula ukuphepha komphakathi, ukuvusa onembeza ebantwini bakulendawo. Sithi abantu abathandane," kuchaza uMfundisi.


INTSHONALANGA EYETHU

**Sithinte ku:**
031 945 6060
115 Escom Road,
New Germany

**Izikhangiso**





Cindi Kunene
073 339 2446
cindisiwe@dbn.caxton.co.za

Natasha Karamchud
031 945 6048
natashak@dbn.caxton.co.za





**Intatheli**
Ntokozo Cele
078 714 5666
ntokozoc@dbn.caxton.co.za



**Code of Conduct**

This publication proudly displays the "FAIR" stamp of the Press Council of South Africa, indicating our commitment to adhere to the Code of Ethics for Print and online media which prescribes that our reportage is truthful, accurate and fair. Should you wish to lodge a complaint about our news coverage, please lodge a complaint on the Press Council's website, www.presscouncil.org.za or email the complaint to enquiries@ombudsman.org.za. Contact the Press Council on 011-484-3612.

Press Council FAIR

**Publisher**

Published by Caxton Local Media and printed by Highway Printers Pty (Ltd), both divisions of CTP Limited, 115 Escom Road, New Germany.


All rights and reproduction of all reports, photographs, drawings and all materials published in this newspaper are hereby reserved in terms of Section 12 (7) of the Copyright Act No 96 of 1978 and any amendments thereof.


CAXTON local media

**Audit**

The distribution of this ABC newspaper is independently audited to the professional standards administered by the Audit Bureau of Circulations of South Africa.

**Uma ungalitholi leliphephandaba shayela kulenombolo yamahhala**
**0800 44 44 66**
**distribution@dbn.caxton.co.za**

Instagram
@eyethu_durban

Facebook
Umlazi Intshonalanga Eyethu



Eyethu Intshonalanga
Classifieds
Your FREE Caxton Local Media paper
www.eyethunews.co.za
031-945-6100
classifieds@dbn.caxton.co.za


0910
LEGAL NOTICES

**Isaziso sesibili mayelana nesicelo semvume yemisebenzi ehleliwe ngokwesigaba 6(1) soMthethonqubo Wemisebenzi Ehleliwe.**

Kuyaziswa ngalokhu ukuthi kuzofakwa isicelo ngu-Reinhardt Transport Group (Pty) Ltd ngokwemithethonqubo eshiwo ngenhla kuzofakwa isicelo ku-Santosh Hansraj oku-Masipala waseThekwini ukuthola imvume yokusebenzisa indawo eku-30 Marajh Road, Clairwood, Durban, 4052 ngenhloso yokwenza le misebenzi elandelayo ebhalwe kuSheduli 1 yale Mithethonqubo:

- Imisebenzi ye-chrome ne-chromate okubandakanya ukugcinwa nokuphathwa kwe-chrome; kanye
- Nezinto eziyingozi (njengoba zichazwe kuMthetho Wezinto Eziyingozi, No. 15 ka-1973) - ukukhiqiza nokuxuba ngobuningi, ukuthutha nokugcina..

Noma ubani ofisa ukuphikisa ukusetshenziswa kwale ndawo ngenhloso enjalo angakwenza lokho zingakapheli izinsuku eziyi-14 (eziliishumi nane) kusukela ngosuku lokushicilelwa kwalesi saziso ngokufaka isaziso esibhaliwe esiqukethe amagama abo, imininingwane yokuxhumana, amakheli kanye nezizathu zokuphikisa kubo:

- Isikhulu Esigunyaziwe: Santosh Hansraj
- Ikheli: 81 Flower Road, Clairwood
- Inombolo Yokuxhumana: 031 311 5162
- Ikheli le-imeyili: Santosh.hansraj@durban.gov.za

**Sayicela futhi uthumele yonke imibono / ukuphikisa kulokhu okulandelayo:**
roeline@reinhardt.co.za kanye no petro@prescali.co.za; or (fax) 086 621 0294

Amakhophi esicelo nezaziso zokushicilelwa ayatholakala ukuze umphakathi aphawule ku: www.reinhardt.co.za